

Uhlelo Olufinqiwe lwe-Investigative Journal Radio noGreg Anthony kwi First Amendment Radio

Agasti 7, 2014

UGreg uqala ngokuthi uTony Alamo usetlongweni kusukela ngo 2008 iminyaka engu 175 ngamacala aqanjiwe okuhlukumeza ngokocansi, kanye nendlela uTony, eminyakeni ewu 40 kuya ku 50, akade esitshela ngayo iqiniso mayelana ngamandla eSigodlo (i-Vatican - okuyisigodlo samaRoma aKatholika) phezu kwenkululeko yethu yenkolo nendlela yaso ekhohlakele futhi enobusathane yokungena kwinqubo yethu yezombusazwe. Uchaza ngendlela uTony afinyelela ngayo kuzinkulungwane ngezinkulungwane zabantu emhlabeni wonke nalendaba yokuphikisana neVatican, okuyindaba okumele ikhulunywe ngoba kunobufakazi obubonisa ukuthi uTony ukhuluma iqiniso, futhi uye wahlushwa, wacindezelwa ngenxa yalokho.

UGreg ukhuluma ngokuhlasela kwango 2008 kulenkono e-Arkansas, ethi kwenziwa ngendlela efana nokuhlasela okwenziwa eWaco. (Ngonyaka ka1993, abezomthetho bahulumeni waseMelika (ama-federal agents) bahlasela umphakathi othile owawusolwa ngobugebengu endaweni yase-Waco eTexas, lapho kwafa futhi kwalimala abaningi.) Uthi wezwa ngalokuhlasela okwenziwa enkonzweni, emithonjeni eqavile yezindaba, futhi kwakubonakala ukuthi abezindaba babazi kabanzi ngalokuhlasela. Ucabanga ukuthi inhloso yabo kwakungukuvala lenkonzo enempumbelelo enkulu, futhi enamabandla ezifundeni ezahlukene, kanye nokuzingela uTony. Indlela abenza ngayo kwabangukulasela abantwana bakulenkono. Uyalandisa ngokwashiwo wumbhali weblog mumbi (i-blog - okuwuhlobo lwe-webusaythi lapho kubhalwa iziqeshana zezindaba nemicabango njalo njalo njengaku-dayari), mayelana nalenhleselo: ngesikhathi abezokugcinwa komthetho esizweni nesifundaze eMelika begasela enkonzweni, eTony Alamo Ministries, abaningi, uma kungasilona iningi, abaningi bemithombo yezindaba abaqavile babese-Texarkana, e-Arkansas, bebuka konke kwenzeka, kodwa bengabhali lutho ngakho kwaze kwaba sekuqaleni kwayo inhleselo. Ngokusobala, babazi ngakho konke lokhu. Lenhleselo kwakukade kuhlelelwe ukuba yenzeke ngo-Okthoba, kodwa, yaze yenzeke ngoSeptemba. NgoLwesihlanu, ngosuku olwandulela lokuhlasela, omunye ehhovisi loMmeli omkhulu waHulumeni eMelika (kwi-US Attorney's office) wathumela i-imeyli ngalenhleselo engaqondile emahhovisi abezindaba angaphezu kwa 50 esifundazweni sonke. Leyo imeyli yathunyelwa kusasele amaviki amaningana ngaphambi kokuba kufike usuku olwalumiselwe lenhleselo. UGreg ukholelwa wukuthi lokhu kwakuyicebo lokulahla uTony ngecala, ngaphambi kokuthi lithethwe ngokukholeka.

Umbhali wamablog okuthiwa nguFrank Lockwood wathi: "Kwathi ngokuchakwa nokudalulwa kwalendaba, abezomthetho baphuthuma bafinyeza isikhathi esasimisiwe. Amaphephandaba kwadingeka ukuthi akhethe phakathi kokufaka lendaba emaphepheni angoMgqibelo noma alinde usuku noma ezimbili. Ngenxa yemibiko ngezizingane ezazisekhona esontweni, kanye nangenxa yezinsolo zokunukubezwa kwezizingane, zonke izinhlangano zabezindaba esizweni zazikhethela ukuhoxa ukubhala ngalenhleselo kuze kube seyiqalile." Benza ukuba abezindaba babe magange, futhi bakuthakasele lokhu; akekho owazi ukuthi kwenzekani ngempela. Kuyisigwebo esibuhlungu indlela lenhleselo eyenziwa ngayo ongathi baqotha izinswelaboya ezinodlame (kwenziwa 'in a swat like fashion'). Uchaza ngendlela iqembu lezabokulwa nodlame elafika ngayo liphelele izibhamu ezahlukene, lazethusa kabi izingane ezabe zidlala ngaphandle, lizama ukubopha uTony, kanti uTony wayengekho nalapho, kodwa wayese-Los Angeles ngalesosikhathi. Zazingekho izinkomba zokuthi kwakukhona izikhali noma ezinye izinto emagcekeni asesontweni.

Kwakuyinhlango enokuthula, futhi uma babefuna ukubopha uTony, babengakwenza ngendlela enokuthula, kodwa bakwenza ukuthi kube nokubukisa kwabezindaba, futhi kube yindlela yokumhlala ngecala ngaphambi kokuba lithethwe icala lakhe ngendlela efanele.

Izingane eziyisithupha zathathwa zagcinwa kwabezenhlalakahle besifunda ngalolosuku. Ngosuku olulandelayo, indaba yakhishwa kuyo yonke imithombo eqavile yezindaba. Kwenziwa umkhankaso kwahlaselwa ezizindeni zebandla ezweni lilonke, ngaleyondlela kwaba ukungweba njalo uMnumzane Alamo. Lendaba yavela nasohlelweni luka-Oprah Winfrey kanye nakwezinye izinhlelo ezinkulu zikamabonakude eziphathelene nobugebengu.

UGreg uthi ngokubona kummeli, abezomthetho abanalutho oluphathekayo kulendaba, kanti futhi kwanaloko abanako, kungenzeka ukuthi kwabe konakele, kungasenamsebenzi. Lena yinqophamlando yecala ukukubonisa ukuthi bangenzani kuwe uma umelana neBandla lamaKatholika kanye neSigodlo (i-Vatican). UGreg uyaphawula ngendlela i-Melika enokuzenzisa nokuba nxambili (i-double standard) ngakhona, ukuvumela amabandla e-Vatican ukuba aqhubeke asebenze emva kobufakazi obuningi, ngalokho okwenzeka ezinganeni ezikoleni zamaKatholika e-Canada, e-Ireland, ukuhlushwa kanzima nokuhlukunyezwa emhlabeni wonke, futhi sisavumelele lelibandla ukuba lisebenze?! Banemali namandla kanye nokulawula uhulumeni wethu ukuze bakwazi ukuphunyuka bangajezi ngokuhlukumeza izingane. Uma unezwi elikhulu njengeli Alamo, bazokuzingela, bakubeke amacala afana nawabo bese besebenzisa abezindaba, i-FBI, abezokugcinwa komthetho, imvalamlomo (ukugwazisa), kanye nokuphoqa abantu ukuba bakubeke amacala amanga bese kuthi emva kwesikhathi bawahoxise. Ukhuluma ngecala lombango (i-civil case) ngoMashi kanye nesahlulelo esiyingxenywe yebhiliyoni yamadola (\$500 miliyoni).

UGreg uchaza uTony njengomuntu oneminyaka engu 79 futhi oseyimpumpu the esejele. Aphinde adlulise lokhu okushiwo nguTony esejele: Sekucishe kuneminyaka engu 50, bezama ukungivalelela. Okokuqala, basisola ngokuba amakhomanisi, basihlukumeza futhi basivalelele ejele ngonya, thina kanye namalunga ebandla lethu, babezama ukusivala, nokuvimba unkosikazi wami uSusan kanye nami ukuze singalishumayeli iqiniso ngeZwi likaNkulunkulu. Base befuna ukuba sibe yiWaco, futhi baqhubeka nokusivala ngokuthi siyinkoloze eyingozi kanye namaphekula ahlomile. Ngaphinda ngasolelwa ukuhlukumeza izingane, okwathi ekugcineni lawomacala ahoxiswa nguMshushisi Wesifundaze sase Los Angeles (i-District Attorney). Base bengithwesa elokusonga ukuthumba ijaji likahulumeni ophethe ezweni (i-federal judge). I-jury (abasizi bejaji) yangithola ngingenacala. I-IRS (Abezokuqoqwa kweNtela) yabe seyisetshenziswa ukwakha icala elingekho lokuthi angikhokhi intela emholweni ongakaze ubekhona. Ummeli wami, uJeff Dickstein, umbhikishi wentela, wabekwa esimweni sokuba anginikele noma kuye yena etilongweni. Ngagwetshwa iminyaka eyisithupha, ngenxa yokuziphatha kahle, ngaphuma ejele emuva kweminyakeni emine ngo 1998. I-FBI yaqhubeka nokungiphanya ngokungakhathali. Ekugcineni, ngo 2008, bathola ofakazi bamanga abambalwa ababeshiyile enkonzweni eminyakeni edlule ukuba bavume ukusebenzisana nabo. Isithembiso sokuthola isinxephezelo kanye nemali ecaleni lombango kwakuhaha kakhulu. Icala lombango (i-civil case) lasebenzisa ofakazi abafanayo abayisihlanu kanye nowesithupha, naye owayekade eyilunga owasetshenziswa nasecaleni lobugebengu, ukuqinisa icala. Kodwa kulesikhathi esetshenziswa ecaleni lombango, wayefuna ukuthola umklomelo wemali, ngakho wasungula icala elisha lokuthi wayeqeqeshelwa ukuba wunkosikazi kodwa waphunyuka kuqala. Owesikhombisa wayesenkonzweni kwaze kwaba nguJuni, 2010, wabe azi ukuthi anginacala futhi engeseka emva kwecala. Wahamba ngoJuni. Ngo-Agasti, wahlanganyela kanye nabangibeka icala lombango ngenxa yokufuna imali. Icala lombango lalisenkantolo enkulu yesizwe (i-federal court), kodwa sekusondele isigwebo, ekugcineni ijaji lak-

huluma ngezicelo neziphakamiso ezazikade zifakiwe, izicelo zokuthi lehlulelwe ngokufinqiwe icala, futhi wonke amacala ayebekwe phambi kwenkantolo yesizwe ahoxiswa. Ngakho-ke icala lavalwa laselifakwa kabusha enkantolo yesifunda e-Arkansas. Ijaji lavumela ukuthi wonke amacala ebeliwachithile enkantolo yesizwe abuyiselwe futhi enkantolo yesifunda. Sasingasenayo imali yokuphinda silwe lelicala, ngakho-ke sahlulwa kanjalo nje.

UGreg wathi bahlasela uTony kanye nebandla lapho kuzwela ngakhona kakhulu: ezinganeni. Basesha wonke amabandla nezinkonzo zakhe befuna zonke izingane ezazingathathwanga ngenhlaselelo yokuqala. Uchaza inhlaselelo yokuqala eyabe inamaphoyisa ayikhulu, ithimba lokulwa nodlame, kanye nangendlela abathatha ngayo izingane zamantombazane eziyisithupha zidlala kozwingi. Akukho neyodwa kulawo mantombazane okwatholakala inento engalungile ephathelene noTony. Bazithatha ngendluzula bezithwele ngezinqola, ngalesosikhathi amantombazane, ayecula amaculo okholo.

Wachaza ngezingxoxo zophenyo olujulile ezenziwa ngosuku olulandelayo namantombazane, nangendlela abangatholanga lutho ngakhona. Nokuthi enye yabe ingudadewabo womuntu omdala owayehlala lapho, kodwa abavumanga ukuyibuyisela kubazali bayo. I-DHS (iDepartment of Homeland Security - okunguMnyango ophethe ezokuPhepha Ezweni) yawagcina amantombazane ayisithupha, noma ngabe bengatholanga lutho olungalungile, ijaji lase likhipha isimemezelo sokuthi kulandwe zonke izingane zasenkonzweni ezindaweni zonke zaseMelika. Abazalwane babaleka nezingane zabo ukuze baphephe—okwaba indlela kanye yokuhlakaza konke. Uphawula ngamaveni amabili ayethwele ezingane amiswa emgwaqeni omkhulu. Abezomthetho bahlwitha izingane kanye nabantwana bangazibuyisa. UGreg wathi lokho kwakungukuthumba. Ugcizelela ukuthi abatholanga lutho olubi olwenziwa ezinganeni, futhi akukho okwatholakala okumelene noTony ababengakusebenzisa ecaleni lakhe, njengoba babethemba. Babazi ukuthi kuyindlela yokubhidliza inkonzo yonke. UGreg uyabuza ukuthi ingabe leli yizwe lamaGestapo na. UGreg uthi lokhu kwenziwa ukuze kuvalwe inkonzo, ukuvimba uTony ukuthi angakhulumi okumelene neVatican, kanye nokuthatha yonke impahla kanye nemali kaTony. UGreg uyabuza, “Kungani bengathathi yonke imali yeVatican ngenxa yakho konke abakwenzile?” Kwakunecala lasenkantolo ngalokhu kodwa bathi, “ISigodlo asinamabhizinisi esiwenza eMelika.” Bazama ukubhidliza inkonzo ngokuhlakaza abantu abahlela umsebenzi ngaphambi kokuba uprintwe, abaprintayo, kanye nabasabalalisa izincwadi, kanye nalabo ababenza ukuba inkonzo iqhubekela emadolobheni aseMelika masonto wonke, besabalalisa izincwadi futhi beziposa. UGreg wachaza izincwadi njengalokhu akhuluma ngakho ohlelweni lwakhe, amandla eSigodlo phezu kwenkululeko yethu yezenkolo naphezu kukahulumeni wethu, futhi bezama ukwenza ukuba bonke abantu bakholwe wukuthi yibona ibandla elilodwa leqiniso. Uma kwakune nkoloze, yiVatican uqobo! UGreg wathi abazali kwakumele bakhethe kabuhlungu ngokwesabekayo phakathi kokushiya inkonzo noma ukulahlekelwa yizingane zabo, futhi baphinde balahlekelwe amalungelo abo okuba ngabazali. Isibhichongo nencithakalo eyadaleka phakathi kwezingane nabazali ingelinganiswe. Izingane zase zigwaliswa ngenkohliso ngokuphelele ukuze zibone abazali bazo njengezitha, zibazonde, zizonde nenkonzo ebezikade ziyithanda ngaphambilini.

Umbuzo owabuzwa nguTony esejele uthi: “Lapho kukhona ubufakazi obuqandula ikhanda bokuhlukunyezwa kwezingane kwinkoloze yamaKhatholika, kungani abantwana bengavinjwa ukuya ezikoleni zabo, ezinkonzweni zabo, emakhaya abo ezintandane, ezigodlweni, njll? Kungani abazali bamaKhatholika ababuyisela abantwana babo kule nkoloze ehlukumeza izingane nsuku zonke, bengazitholi bebhokene nesimo sokulahlekelwa amalungelo abo okuba ngabazali nokuthi izingane zabo zidunwe, zithathwe?”

UGreg wabe eselanda indaba ngomama wakhe owashona ngenxa yesifo somdlavuza wegazi ngesikhathi umfowabo owayezalwe kungakafiki isikhathi, wayenezinyanga eziyisithupha kanye

nobaba wakhe owayenezikweletu eziningi okwakumele azikhokhe. Kwakukhona indawo yezintandane yamaKhatholika eyayingekho kude nalapho ayehlala khona, lapho babeletha khona bonke lababantwana.

Isikhulu sasemaRomeni safika endlini yakubo, kodwa esikhundleni sokuletha usizo kubaba kaGreg, sasifuna ukuthatha izingane kubaba wakhe, ukuze sizifake endaweni yezintandane yamaKhatholika. Ubaba wakhe wabamba isikhulu leso wasijikejela odongeni, wasithuka, wasikhahlela esehlisa ngezitebhisi. UGreg wathi, “Yilendlela engizizwa ngayo ngeVatican. Bakhahlele ezinqeni bese uyabaxosha endlini yakho. Yilokhu okwenziwa ngubaba wami, futhi sakhula siphile saka futhi sijabulile, kanti umfowethu ungunomabhizinisi onempumelelo kakhulu njengamanje.” Ubaba wakhe wafunga ukuthi angeke aphinde alubeke unyawo lwakhe ebandleni lamaKhatholika futhi akaphindanga waya. Akazange futhi ahambise umfowabo esikoleni samaKhatholika. Ubaba wakhe wacela ukuba uGreg amvumele ukumkhipha esikoleni samaKhatholika, kodwa uGreg wamncenga ukuba amyeke ahlale khona ngenxa yokuthi abangane bakhe babelapho futhi wayesanda kulahlekelwa ngumama wakhe.

Engxenyeni yesibili, uGreg ukhuluma ngamajele uTony abe kuwo, echaza izindlela abazihlola ngayo zonke izingxoxo zakhe nakho konke ukuxhumana kwakhe nabanye, kanye nendlela abaqaphela ngayo ngezikhathi zokuvakasha; akukho okufihliweyo. Uhulumeni wakhokhela iCult Awareness Network (Abaqaphela iziNkoloze) ngaphezu kuka \$5,000.00 ngofakazi ngamunye ngalabo abathathu ababefakaza bemelene noTony isikhathi esingamaviki amabili, lapho babematasatasa bebakhipha ulwazi oluhle ngoTony, bekwenzela endaweni esemaphandleni okuthiwa yi-Wellspring Retreat. Uhulumeni wakhokhela uhambo lwabo futhi wakhokhela umntwana womunye wofakazi u \$1,500.00 ukuze abhekwe ngesikhathi umama wakhe esayolulekwa. Bakhokhela ofakazi besebenzisa izaba zokuthi angeke bakwazi ukukhokhela izikweletu zabo ngesikhathi bese lapho, izinto ezifana nomshuwalense wemoto, njll. Owayengumphathi eWellspring, uPaul Martin, wasebenza nalabofakazi yena qobo lwakhe. Lokhu kwenziwa ngoDesemba ka 2008, futhi masinyane emva kwalokhu uMnu. Martin wagula, watholakala enomdlavuzi wegazi futhi wabe eseyashona ezinyangeni ezimbalwa.

Ngaphambilini, ubufakazi balabo ababefakwe ohlelweni lokususa izinto ezinhle abazazi ngoTony eWellspring abamukelwanga enkantolo. Kodwa uma omunye wabasiza ummangalelwa (ilunga le-defense) engatholakala ezama ukukhuluma nofakazi, wayengabekwa icala lokuphazamisisa ufakazi. Nokho uhulumeni uyakwazi ukuthatha ofakazi kalula nje abahambisa kulendawo ukukhipha ulwazi oluthile. Abantu bahamba mhlawumbe bengaseki muntu, beluvivi, babuye sebeyimpi yodwa, benobutha obukhulu. Lokhu kuyiphuzu elibalulekile kulelcala.

Wathi, uDorothy Curry wabeka ngokusobala ukuthi abaphathi bohlelo, *Izimfihlakalo Ezingaxazululiwe* baqamba amanga, washo nanokuthi uTony Alamo akayihlukumezanga intombazanyana yakhe. Lokhu kwakungo 1991 ngesikhathi bezama ukwenza okufanayo kuTony, ngokungenayo impumelelo. UGreg wafunda okunye okwashiwo nguDorothy, ezincwadini lapho ephikisa khona izinsolo ezabekwa nguJim Griffin zokuthi uTony wahlukumeza uCarissa.

UGreg wafunda indatshana ebhalwe encwadini yezindaba ebizwa nge-Protestant Mission Newsletter yase-British Columbia, eyayisho ukuthi abafowethu basenkonzweni bahamba kanjani ukuya eCanada kanye nokuthi basabalalisa kanjani izincwadi zeVangeli ngesikhathi uPhapha uJohn Paul II wayemiselwe ukuvakashela khona. Ngosuku uPhapha afika ngalo, abafowethu baboshwa. Awekho amacala ababekwa wona, asikho isizathu esanikezwa, kodwa bagcinwa ejele kwaze kwafika usuku uPhapha ahamba ngalo eCanada, bakhululwa ngaphandle kwencazelo noma ukuxolisa. UGreg uyaqhubeka uthi umbhali walendaba uthi uyazi ukuthi ukusabalaliswa

kwezincwadi ezidalula izimfihlo ngenkolo yamaRoma aKatholika yiso kanye isizathu uTony Alamo ezithola esejele futhi. Iziphathimandla zizama ukuhlela ofakazi bamanga. Uma iziphathimandla zikhathalele ngempela ukuhlukunyezwa kwezingane, emzimbeni nangobulili, kungani bengavali zonke izikhungo zamaRoma aKatholika njengoba sekutholakele futhi kunobufakazi obuqinile ukuthi abantwana, izinkulungwane zabantwana (UGreg unezela ngamakhulu ezinkulungwane, izigidi eminyakeni) baye banukubezwa ngokocansi nangokomzimba, bahlushwa, futhi baze babulawa abapristi abangashadile? Uyabuza, “Kukangaki uzwa ngompristi obekwe icala yilabo ababadlwengulile kanye nalaba ababahlukumezile, belindele ukwahlulela ngeqiniso, kuphela uthole ukuthi lesikhohlakali sisusiwe sayobekwa kwenye imishini noma kwelinye ibandla ngasese, ukuze siqhubeke nokuhlukumeza kwenye indawo? Kuphi ukulunga, liphi iqiniso? Kungani abazali bamaKatholika asebazi ngokunukubezwa kwabantwana ngabapristi beqhubeka nokuhambisa abantwana babo kulezikhohlakali ezidukile ezigcwele izinkanuko zokunukubeza izingane? Luphi uthando lwabo lwemvelo? Akusikho yini lokhu ukunganakekeli? Bayazi futhi bayafunda ngalezikhohlakali ezinukubeka izingane emaphepheni nsuku zonke. Kungani abasemthethweni bengazikhathazi ngalesisikokela esikhulu sokuhlukunyezwa kwabantwana? Kukhona ukuba nxambili, inqubo eyodwa eseka i-Romu, nenye inqubo elawula umhlaba wonke, njengoba kubonakala odabeni lukaTony Alamo.”

UGreg ufunda okuthile okubhalwe yindoda ogama layo nguShane ngo 2009, obiza iDHS ngokuthi yi-Department of Human Suffering – Umnyango woKuhlupheka kuBantu) Wathi iDHS yantshontsha abantwana abangu 35, yabopha uTony Alamo, kanti ngokwenza njalo, yabeka iBhayibheli icala. INkonzo ka-Alamo ayisiyo inkolozwe noma ibandla elidaleke ngenxa yoqhekeko (i-sect), kodwa ngumphakathi onokuthula wamaKristu, okholwa yiBhayibheli futhi ozimisele ukushumayela iBhayibheli emhlabeni wonke. Isizathu esingaqondakali futhi esingenamqondo ijaji elasinikeza ngokuthatha lababantwana kubazali babo, ukuthi babengagonywanga futhi bengabhalisiwe kuhulumeni njengabantwana abafundiselwa emakhaya. UGreg wabe esethi bangafaka igciwane le-Ebola kumgomo, ngakho qhela kukho konke ukugonywa kanye nokugonyelwa umkhuhlane. Uthi bebelokhu bevala amawebusayithi aphikisana nokugoma. UShane uthi iqiniso ngalokhu kuthunjwa wukuthi izinkonzo zakwa-Alamo zishumayela “IBABILONI ELIKHULU, UNINA WEZIFEBE NOWAMANYALA OMHLABA” (IsAmbulo 17:5).

UGreg uthi isizathu esisodwa sokuthi bamzingele baze bamthole uTony wukuthi unempumelelo enkulu. Inkonzo yakhe inedumela kakhulu, futhi umlayezo wakhe wawufinyelela ezinkulungwaneni kanye nakumakhulu ezinkulungwane zabantu. Uma wayehleli endlini yakhe ekhuluma nabantu abawu 20, babengeke bazihluphe ngaye, kodwa abafuni ukuba izimfihlo zabo ziphumele obala, futhi ingakho lokhu kwenzekile kuye. Isixazululo sisodwa futhi ukuthi ungakholwa okuzwa emithonjeni yezindaba ngalendaba ngoba abanitshelanga ngokuphoqwa; abanitshelanga ngezinto eziningi. Bamlahla ngecala base bekhuluma ngalendaba beyibheke ngeso likamshushisi, futhi nanoma yimuphi umuntu owayilalela wayehamba ethi, “Kumele ukuba unecala.” Yindlela lena uhulumeni, abezindaba, kanye neVatican abasebenza ngayo ndawonye.